Kulwele Ukukhulekela Kweqiniso!

Iziyalezo: Yenza lesi sivivinyo endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, zibone ngeso lengqondo uhilelekile kuleso senzakalo. Sibone ngeso lengqondo. Yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.

Abalingiswa abayinhloko: U-Eliya, u-Ahabi nabaprofethi bakaBhali abangaba ngu-450

Indaba efingqiwe: U-Eliya ufakazela ukuthi uJehova unamandla kunoBhali.

❶ *HLAZIYA ISIGCAWU.—FUNDA EYOKU-1 AMAKHOSI 18:17-40.*

Ucabanga ukuthi u-Eliya nabaprofethi bakaBhali babemi kuphi futhi ama-altare ayekuphi? Dweba ephepheni umfanekiso walokho okucabangayo.

Emavesini 26 kuya ku-29, yimiphi imisindo yokuxokozela oyizwayo? _____

_____

_____

Ucabanga ukuthi u-Eliya wayezizwa kanjani njengoba ayekhuluma nabaprofethi bakaBhali? _____

_____

_____

❷ *CWANINGISISA.*

Kungani u-Eliya ayedinga isibindi ukuze aye ku-Ahabi futhi kamuva avivinye inqwaba yabaprofethi bakaBhali ngendlela ehlazisayo? (Funda eyoku-1 Ama-Khosi 18:4, 13, 14.) _____

_____

_____

Usebenzisa amathuluzi okucwaninga onawo, thola okuthile ngokukhulekelwa kukaBhali. Ngokwesibonelo, yimiphi imikhuba eyayihlobene nakho? Ukukhulekelwa kukaBhali kwaba naliphi ithonya ku-Israyeli? _____

_____

_____

Ucabanga ukuthi kungani u-Eliya amba umsele ozungeza i-altare likaJehova wabe esewugcwalisa ngamanzi?

3 ***SEBENZISA OKUFUNDILE. BHALA LOKHO OKUFUNDILE MAYELANA . . .***

Nesibindi esidingekayo ukuze ulwele ukukhulekela kweqiniso.

Nezinzuzo ezitholwa yilabo ababonisa isibindi esinjalo.

INDLELA WENA OTHINTEKA NGAYO.

Kukuziphi izici zokuphila ongabonisa kuzo isibindi esengeziwe sokulwela ukukhulekela kweqiniso?

4 ***YINI EKUHLABE UMXHWELE KAKHULU NGALOKHU KULANDISA, FUTHI NGANI?***

Ukwaziswa Komhlangano Wesigodi

Ukwaziswa okuphathelene nezinsuku nezindawo zemihlangano yesigodi yaminyaka yonke kuyatholakala engosini ye-Internet ethi: www.jw.org

www.jw.org © 2011 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania